U Nzimela (umfundisi omdala wabo) usezakupuma futi aye kuhlola umsebenzi awuqalayo Esikwebezi, ngokubeka ikolwa lak'elidala ukufundisa kona. U Joseph igama lake. Yena kad'eloba kahle ngomsebenzi wake kona. Abantu bayafuna ukufundiswa. Wak'eduze nomuzi we Nkosikazi, unina ka Dinuzulu. Yena-ke kanye nabantu bake abaningi bayaya kusonta maSont'onke. Konke loku kuyatokozisa, ngako ke kufanele kubonakale e *Nkanyisweni*, nce abafundi betu batokoze nabatokozayo. Siti, kula msebenzi we Nkosi! Siti, mana njalo ku bafundisi, izinhliziyo zenu mazingakatali — mazibende njalo!

## Umbango wakwa Dhlamini.

Enkantolo, kwakubutene ibandhl'elikulu impela, izolo, Dec. 11, amadod'anga 300, bezokuzwa ukunqanyulwa kwecala ekade lalikulunywa, elokubang'ubukosana besizwe sakwa Ddhlamini. Umnqamuli beku u Mr. Shepstone. U Mr. A. W. Mason kanye no Mr. Samuelson, bakulumel'omangeleyo, no Mr. Jackson (endaweni ka Mr. Boshoff) wakulumel'omangalelwe. Kwakubutenwe ngoba u Dhlangane, inkosana yesizwe sakwa Dhlamini (oway'ebekwe u Rulumende) nendodana ka Bhidhla okade waye inkosana yaleso sizwe, wayebiziwe ukub'aze kulanda ukuba kazikipanga ngan'izinkomo ku Qiga, umpateli ka Gcokoda, indodana ka Tshaka, indodana ka Bhidhla, owabe Inkosi yesizwe sakwa Dhlamini, izinkom'ezi 343, nezimvu 105, namahashi 40, nezimbuzi 50, nenqola enye, nemali £54, leyo mfuyo nemali, ibanjwe omangalelwe, kunge iyo eyake, kayidedeli kumnikaziyo omangeleyo, yona kwaku ngeyake impela, ngokuba eyindodana nendhlalifa ka Tshaka (ofileyo manje) yena lo u Tshaka ube indhlalifa ebekiweyo ukutat'isikundhla sika yise u Bhidhla, abuse leso sizwe. Konke loku kwaku ngokwomangeleyo, ngomteto, lab'ompondo aba 54 wayebatole ngenqola nezinkabi zake.

Omangalelweyo wapendula ngokuti :—

(1) Amazwi anzim'alel'icala, apenywa u Rulumeni, oyena Nkosi nkulu pezu kwabant' abamnyama. Wabek'umteto wake pezu kwawo lawo mazwi. (2) Kwati ngaloko-ke ukupenywa kwecala, nokubekwa kwalowo mteto, u Dhlangane yena low'omangalelweyo, wemiswa u Rulumeni ukub'abe i Nkosi yesizwe. (3) Lezo zinkomo-ke nempahla ebizwayo iyimpahla yesizwe; ngaloko-ke, iyimpahla yaleyo nkosi epete leso sizwe. (4) U Dhlangane yena low' omangalelweyo, uyena Nkosi, uyena ndhlalifa; ngokuba wazalelwa u Gobinca, wabekwa futi u Bhidhla owayepatele u Gobinca. (5) Omangalelweyo ugcina ngokuwapik'amazwi amangale ngawo Ummangali.

Ofakazi baland'ukuti, leso sizwe sake ngase Mkomanzi, nokuba low'omangalelweyo wabekwa u Rulumeni ukub'abe inkosi yakona. Kodwa ezinhlokweni zamazwi, kwavela uhlamvu lokuti, kazi loko okwakunqanyulwe Induna Enkulu kungebuye kwahlulwe ngokunqanyulwa Inkantol'Enkulu nje na.

Ekunqamuleni kwayo inkosi, yati onk'amacal' apenyw'atetwe ngabaNqamuli bawo pakati kwe Nkantolo, way'esefunda zonke izinhloko zendaba, ngemva kwaloko wanqamulela Ummangali ngezinkomo ezi 293 (nenzalo yazo), namahashi 16, nezimvu 120, nezimbuzi 30, kanye nenqola no mpondo £42. Umnqamuli wasetshel'abantu bommangali ukuti manje seku nguyena Ummangali oyinkosi yabo. Kushay' ingati abantu kabakadeli, basapik'inkani. Sengati lizakuqutshelwa pambili.

## Izimpendulo Kubabhali.

I.C. — Incwadi yako yamukulwe; kepa sesati asisayikungenisa ncwadi manje epepeni, ezipete utywala. Inlingi abafundi betu selikatele ukuzwa ngaloku; ngoba kutshiwo izinto eziningi zobututa, amazwi e Bible ab'es'ebekwa ngokungaqondi.

Jonah Mkuze. — Bheka isaziso epepeni. Uyakufumanisa ukuti *Inkanyiso* iyakupuma masont'onke ngonyaka ozayo. Iyakukokelwa 8/6 ilabo abase Natal, kuti kwabangapandhle kube 10/6. Uma utola abantu abahlanu bokutata ipepa, utumele imali yabo, ungalitola ngeze ipepa kulonyaka 1891.

J. B. Vuzi. — Ungazitenga izitampu (stamps) endhlini ye post. Uyakuzwa nge *prize* epepeni elizayo. Labo abafuna *Inkanyiso* ngonyaka ozayo (1891) mabatele imali yabo ngo January (8/6). Bheka esazisweni.

Petrus Kumalo. — Asibonanga samukela mali kuwe.

Matthew Ngwenya. — Siyakukutumela i Almanack.

J. T. Ngema.—Ipepa lopuma kanye nge viki ngonyaka ozayo. Imali yoba ngo 8/6 noma 10/6 nge stamp.

Arthur Mbata. — Asibonanga samukela 'mali kuwe.

## Imali ye "NKANYISO."

Umhleli wamkele le'mali: J. Bunga, 6/; J. N. Kanyane £1.8; Moses Mabuza, 6/6; Thomas Mnyamana, 7/; Josiah Vilakazi, 6/6. Kepa imali eyakukokelwa *Inkanyiso* ngonyaka ozayo (1891) ingo 8/6 e Natal, kwabangapandhle 10/6.

## IZINCWADI.

*Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.*

*(Kumhleli we Nkanyiso.)*

### Amaxoxo.

AI KE, Mhleli, ngivumela pela nami ukuxoxa amaxoxo ami. Ngizwile ukuti, abantu bako, abafunda lelipepa lako, bafuna ukukula kwalo, libe nendawo, lipate izindaba eziningi, litatwe futi abantu abaningi, likuliswe imali yabo. Ngiyalibona lelipepa lako, ngityo ubukulu balo. Ngiyavuma konke loko nami Ngiyabona ukuti, linamapagina (pages) amane. Ngiyabona, ukuba ipagina lokuqala alibonanga linezindaba nakanye, lidhliwa njalo izaziso zo Mhleli, nalezo izasiselo zilotyiwe ngezinhlamvu ezinkulu ezidhlayo indawo enkulu. Kangtyo ngibonile u Mhleli wepepa wenza njalo. Izaziso lezo zisebenza kahle ngokutyela abantu ukuti: naso isikole, sikona isikala sokufunda kwamantombazana nokwabafana, nokuti: nanzo izincwadi, ningazitenga. Kepa nembala izaziso lezo zingesebenze umsebenzi wazo, zingafakwa emapepeni onke, zingalotywa ngezinhlamvu (letters) ezingaka. Ini ukuba abafundi bepepa lako bangaboni loku, bangaxoxi loku nawe, nawe ub'ungabavumela mhlaumbe.

Ngendaba yotywala babakwa Zulu ngiti, siyavuma sonke lelizwi elilotyiwe u Paul, I Cor. 5. 18, ukuti: "Ningadakwa i waine, elingasindisi," ku kuti eli "nokutyinga" njengaloku u Paul ufaka lelozwi Tit. I. 6 no Petro, I Pet. 4. 4. Kuti ngolimi lwamaGrika "asotos." No Paul ukuluma elinye izwi lokuti: "Ngaloku, uma ukudhla kumkubekisa umzalwane wami, angiyikudhla inyama kuze kube nini, funa ngikubekise umzalwane wami." Inxa sibona ukuti, kulicala letu nanamhla ukuhamba ngalelizwi lika Paul, sekufanele ukuba siqapele ukupuza kwetu utywala ngenxa yesikubekiso, abakubekiswa ngaso abaningi, yebo, abafa impela ukufa okungapeliyo kwomzimba nokwompefumulo.

Ngombalo wabakwa Zulu akunakupikiswa ukuti: abakwa Zulu nasendulo nanamhla babizwa ngokuti: abantu abamnyama, kababizwa ukuti: "abansundu." Inxa kuzakunqunywa umbala womuntu nombala wenkomo kuvela ukuxabana njengokuxabana kwabo ab'emi esibayeni, bepikisana ngombala wenkomo, ku ilowo upete ukuhlakanipa kwake, nalowo upete okwake. Lelipepa elihlelwa u Mhleli, kuyabonakala, ukuba lipete "izindaba zabantsundu," ku kuti izindaba zabakulumisa okwamaXosa. Ngiyapela namhla mina engingu
TAMBUSA.

Zululand, 21st Nov., 1890.

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE, — Ake ngiponse libe linye izwi kubafundi be *Nkanyiso*, ngezwana engilibona lapa epepeni lenu, bafundi balo.

Kute ngezikati ezidhlulile, kwa kona indaba, ibandhla elikuluma ngayo; ngitsho yokupuma emtetweni wabantu. Kute sisakuluma ngayo, wati u Mhleli mayiyekwe, yayekwa. Futi namhla kulelipepa kukulunywa ngotywala—uti u Mhleli ayipele. Kanti leli elikabani, ukuba kuti ukukuluma—abanini lona kutiwe abatule na? Yebo, ngiti mina ngobumpumpute bami, kuhle abuze kubafundi balo, ukuti imbala asekufanele ukuba luyekwe nje lolu udaba na? Hai ukuba kunqamule yena ngokwake.

Qondani kahle belu. Ngoba nami angimlahli umlungisi wokukanya kwetu. Tina sisatanda ukuba sibone esokwapuka upondo kulendaba yotywala; ngoba iningi liyaduka liti, isono utywala. Laba abati buyisono basakuvuma babone ukuba abu'sono bona ngokwabo; umuntu isoni.

Ngitetelele, nkosi yami. Ngako ke ngiyayitanda *Inkanyiso*. Ngiyakutanda, myumbi wokuhle, ngiti konke okuhle kubeke obala. Baneka, lubhaqa oluvutayo.
NDABAKAWOMBE.

Ladysmith, Nov. 25th, 1890.

*(Kumhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE,—Epepeni lika Nov. 15, ngifumene amazwi ka P. Xulu, engangipendulana naye ngezwi laba "ntsundu" ukuti mahle — futi le'ndaba kwaku indaba yabo bonke abafundi bepepa; kepa abasalilungisanga izwi lelo elalibuzwa ngu Mhleli, kwaza kwangati yindaba yetu sobabili nje. Namhla-ke ngiti ngiyayiyeka esandhleni sika Xulu. Kodwa angiwabongi amazwi ezizwe osokukulunywa ngawo, ati u Xulu, "angasuswa, kufakwe olimi lwetu nxa kudingeka." Angiboni ukuba angayekwa kanjani, loku soku lulimi lwetu nje Angilazi izwi lokuti "ukupehlelela" alipeteyo. Ngingajabula ukulazi. Futi "ukudinga" ngukuhambahamba kwomuntu engena'ndawo, ehlupeka.
Ngi ngowako
MAGEMA MAGWAZA.

## Ukulimala kabi.

Ngolwesihlanu oludhlulileyo ntambama intombazanyana egama lingu Sharp yavela ekaya ihamba kanye namanye, kwasokubonakala ukuti sebexabene, wati omunye ob'edhlala naye wamtshaya ekanda. Akwacabangwa luto ngaleyo ndaba kuleso sikati, kwaza kwati ngesonto umntwana wazibika ubuhlungu enhloko, obakula kalukuni ngokunjalo ukuze kuti ngomsombuluko kubizwe u Dokotela, kwati ekuseni ngangomuso umntwana wabhuba ngobuhlungu obukulu baleyo ngozi ayizuzileyo.

## Amanani e Transport.

U Mr. C. S. Man, waloba ngo Dec. 11th, wat'inani le Transport seku ileli :—

Bethlehem 3s., Cronstadt 5s., Frankfort 4s., Ficksburg 4s., Heilbron 4s. 6d., Heidelberg 6s., Harrismith 2s., Johannesburg 6s. 6d., Ladybrand 5s. 6d., Lindley 4s., Potchefstroom 6s., Pretoria 7s., Rustenburg 9s. 6d., Senekal 4s., Vrede 3s. 6d., Vredafort 5s. 6d., Winburg 5s. 6d., Zuringrans 3s. 6d., Zeerust 8s. 6d.

## ISAZISO NGE NKANYISO.

"INKANYISO" ipuma masont'onke, ngo Mgqibelo. Ipepa litunyelwa bonk' abase Natal ngo 8/6 ngonyaka; abake ngapandhle kwe Natal bayakukipa 10/6, ngokuba kuyakubekwa ama stamp. Per Quarter (ngezinyang'ezintatu) 2/6; ngapandhle kwe Natal 3/ ngama stamp.

Imali i nga tunyelwa ngezitampu (stamps) noma ngepepa lemali (P. O.O.) **Ma i kokwe Kuqala**

Zonke izincwadi a zo tunyelwa kumhleli REV. F. J. GREENE, S. Alban's Coll[illegible] Maritzburg.

## Isikole Sabafana,

## S. Alban's College, Maritzburg.

Esikoleni sabafana saseMgungundhlovu, St. Alban's College, i kona indawo yabafana aba ngapezu kwaba be kona. Inkokelo ompondwe abane ngonyaka. Aba fisa ukwazi ngalesi skole ba ya ku fumanisa yonke into kulo leli pepa. Bhekani esiqendwini sokuqala sepepa.

Printed and Published at St. Alban's Printing Press, Pietermaritzburg.

F. Greene